




# Umaguru Uphisana Ngemilenze

- ✎ Mutugi Kamundi
- ✉ Wiehan de Jager
- 🖨 Nokuthula Zondi
- 💬 Zulu
- 🎹 Level 3





Emandulo, izilwane zazingenayo imilenze.  
Zazihuquzela emhlabathini.




abantu kuphela ababenemilenze ngoba uMaguru wayebaphile yona.



Ngelinye ilanga uMaguru wanquma ukupha zonke izilwane imilenze. Wazungeza idolobha ememezela ngombhobho. Wayefuna isilwane ngasinye sikwazi ukuhamba njengomuntu.




Zajabula izilwane lapho zizwa ukuthi zizophiwa imilenze. Isilwane ngasinye sasifuna imilenze ukuze sikwazi ukuhamba nokugijima. Zacula, zatshikizisa imisila, zabhakuzisa amaphiko azo.




Zahlangana izilwane zidingida ubulukhuni bokuhaqazela ngezisu. Umhlabathi wawuziklwebha izisu zazo. Imilenze yayizozisiza ukuze zikwazi ukuma zibone kude, njengabantu.



Lwathi uma lufika usuku, izilwane eziningi zahaqazela zaya emzini kaMaguru ukuyokwamukela imilenze yazo. Izindlulamithi, amabhubesi, izindlovu, onogwaja, izingwenya, nezinyoni zashaya uhele zilinde ukuphiwa imilenze.



Isilwane ngasinye sathola imilenze emine, kwathi izinyoni zathola imilenze emibili iyinye.



Zaba nomahluko izilwane sezinemilenze. Ezinye zagida ngenxa yokujabula. Ezinye zazibhadazelazibuye ziwe zenziwa ubunzima bokuhamba ngezinyawo.



Zazungeza idolobhana zibukisa kubantu. Zonke izilwane zathi, "Ngeke siphinde sihuquzele."



Isilwane sokugcina emgqeni kwakunguShongololo.  
UMaguru wabuza, "Ukhona okulandelayo?" "Cha,  
n gingowokugcina," k uphendula uShongololo.



UMaguru wacabanga, "Pho uma kungasekho  
muntu, ngizoyenzani yonke le milenze esele?"  
UMaguru wanika uShongololo yonke imilenze esele.



UShongololo wahamba ejabule kakhulu ngoba ethole imilenze eminingi. "Sengizoshesha kakhulu kunabo bonke," ecabanga.




Maduze nje emva kokuhamba kukaShongololo,  
kwafika uNyoka emzini kaMaguru. "Maguru, ngicela  
ungiphe imilenze," kuncenga uNyoka.



"Sengiyikhiphe yonke imilenze. Wena ubukuphi?"  
kubuza uMaguru. "Ngiseliwe," kuphendula uNyoka.



UMaguru wacinga endlini yakhe ukubona ukuthi ayikho yini imilenze esele. Kodwa akatholanga lutho.



UMaguru waphuma wathi, "Ngiyaxolisa Nyoka, ayisekho imilenze esele." UNyoka wahuquzelwa bawuyela ekhaya engenayo imilenze. Kusukela ngalelo langa uNyoka akalali kakhulu. Uhlale elindele usuku lapho naye ayothola imilenze.



# Storybooks South Africa

[global-asp.github.io/storybooks-southafrica](https://global-asp.github.io/storybooks-southafrica)

## Umaguru Uphisana Ngemilenze

Written by: Mutugi Kamundi

Illustrated by: Wiehan de Jager

Translated by: Nokuthula Zondi

This story originates from the African Storybook ([africanstorybook.org](http://africanstorybook.org)) and is brought to you by **Storybooks South Africa** in an effort to provide children's stories in South Africa's many languages.



This work is licensed under a Creative Commons  
[Attribution 4.0 International License](#).